MINISTRY
PUBLIC SERVICE AND ADMINISTRATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Inkulumo eyethulwe yiPhini likaNqongqoshe uDkt Chana Pilane-Majake ngesikhathi seSifundo Sesikhumbuzo Sonyaka i-*Bertha Gxowa Foundation* yesi-6, 28 kuLwezi 2023

Ukubingelela:

UNdunankulu weSifundazwe sase-Gauteng, uMhlonishwa uMnu Panyaza Lesufi

UNgqongqoshe Wezempilo Nenhlalakahle e-Gauteng uNkk Nomantu Nkomo-Ralehoko

Amalungu Ahloniphekile Omndeni wakwaGxowa

Umfundisi Tebogo Musana - we-*AME Church*

Isikhulu Esiphezulu se-*Bertha Gxowa Foundation* kanye namalungu abasebenzi

Bafowethu Nodadewethu

Kuyintokozo kumina ukuba ngibe lapha phambi kwenu njengoSihlalo we-*Bertha Gxowa Foundation*. Okubaluleke kakhulu ukuthi, ngimi lapha namuhla njengowesifazane omelele ukubonisa ukuzimisela kanye nokungazanyazanyiswa.

NjengoSihlalo we-*Bertha Gxowa Foundation*, ngizizwa ngikhethekile ekubeni ngiqhubekisela phambili lokho okuyifagugu lowesifazane owanikela ngempilo yakhe ukuze kusizakale abanye abantu. Ukuzibophezela kwakhe ngokungazingabazi maqondana nezokulingana ngokobulili nobulungiswa emphakathini kuyangikhuthaza futhi kwenza kube lula nokulandela inhloso yale Nhlangano.

Nakuba uMama u-Bertha Gxowa engasekho emhlabeni, iNhlangano ebizwa ngegama lakhe kanye seSifundo Sesikhumbuzo Sonyaka i-*Bertha Gxowa Foundation* yesi-6 kuhlonipha inhloso ayenayo empilweni ngokunjalo nomlando ashiya ewuqophile.

ESifundweni Sesikhumbuzo Sonyaka i-*Bertha Gxowa Foundation* sango-2023, uNdunankulu uPanyaza Lesufi uzosethulela kafushane inkulumo ngaphansi kwesiqubulo esithi: "Impilo Nesikhathi sikaMama u-Bertha Gxowa Ekusimamiseni Intuthuko", nokuhloswe ngayo ukugubha kanye nokuzindla ngamagalelo amahle enziwa nguMama Bertha Gxowa ekusimamiseni intuthuko.

Ukuzinikela kukaMama u-Bertha Gxowa ekusimamiseni intuthuko kwabonakala ngemizamo yakhe engakhathali ukuze kuhlonyiswe imiphakathi engathathi entweni kuphinde kukhuthazwe ubulungiswa emphakathini. Ukuzibophezela kwakhe ekuphakamiseni abanye kukhuthaza izizukulwane ezizayo, futhi kwenza iSifundo Sesikhumbuzo Sonyaka i-*Bertha Gxowa Foundation* sibe wuhlelo olubalulekile ekuhlonipheni iqhaza elimangalisayo alibamba.

Bafowethu nodadewethu, nizongixolela ngamazwi ami ambalwa engizowabhekisa ekubeni yingqalabutho kukaMama u-Bertha Gxowa nokungezubandakanya inkulumo yosuku elindelekile kamhlonishwa uNdunankulu Lesufi. Ekwenzeni lokhu, ngingathanda ukususela amazwini abezokuhweba ebese ngimatanisa umsebenzi we-*Bertha Gxowa Foundation* njengokuqhamuka nomsebenzi ohlukile.

I-*Bertha Gxowa Foundation* ikwazile ukusebenza ngempumelelo ekuzakheleni igama elihle ngokuzinikela ekusizeni imiphakathi eyayincishwe amathuba, njengoba yenza umsebenzi ohlukile okungephikwe futhi ikhuthaza ukwethembeka. Kusukela le Nhlangano yasungulwa ngo-2012, isikwazile ukuzibeka njengesibani sethemba kanye nomgqugquzeli woshintsho oluhle ngemiklamo kanye nemisebenzi eyenzayo.

Impilo kanye nomlando kaMama Gxowa yikhona okunomthelela omkhulu ngokobunjalo be-*Bertha Gxowa Foundation.* Kuyangithokozisa ukuba ngibike ukuthi eminyakeni eyishumi edlule, le Nhlangano ibilokhu isezingeni lalokho okwakufunwa nguMama uGxowa futhi yagcina izethembiso zayo kuleyo miphakathi eyikhathalele.

Ukuzibophezela kwale Nhlangano ekuhlomiseni abesifazane, ukuphucula imiphakathi, kanye nokumela ubulungiswa bezenhlalakahle kwenze le nhlangano yagqama futhi yesekwa kakhulu, kwayenza yathenjwa yaphinda yaba nomthelela emkhakheni wokusiza umphakathi.

Ngokwemisebenzi eyahlukahlukene, le Nhlangano ithinte izimpilo zabantu abaningi, ibahlinzeka ngamathuba okukhula kanye noshintsho oluhle empilweni.

Ngenxa yokuba neqiniso kulokho le nhlangano ekholelwa kukho kanye nokungaguquki ezinhlelweni ezihlinzekayo, singaqinisekisa ukuthi le Nhlangano isiphile isikhathi eside futhi yagcine isithunzi sayo ngokwethembeka ekuphakamiseni imiphakathi encishwe amathuba njengoba sishoshela eminyakeni eyikhulu kwazalwa uMama u-Bertha Gxowa.

Nakuba kunjalo, njengananoma iyiphi inhlangano enkulu, ukuvuka noma ukuwa kwale nhlangano kuncike ekutheni iyakwazi yini ukumelana nokushintsha kwezimo iphinde iqhubeke nokuhlangabezana nokuguquka kwezidingo zomphakathi ewusebenzelayo.

Ngakho-ke, kudingeka ukuba i-*Bertha Gxowa Foundation* ithembeke kulokho ekwenzayo nokuyikho okunomthelela emsebenzini ewenzayo, kodwa futhi amazwi kanye nezenzo zale Nhlangano kufanele kuhlale kuvuselelekile kukusha ngokokushintsha kwezibalo zabantu esizweni sakithi, nokukhomba ukwanda kwabantu abasha nabanomqondo wezobuchwepheshe.

Lokhu kusho ukuthi iNhlangano kumele ihlanganyele nabantu abasha - ikakhulu abesifazane - futhi yamukele intuthuko yezobuchwepheshe ukuze ifinyelele futhi ikwazi ukweseka abantu ngempumelelo. Ngokwenza lokhu, i-*Bertha Gxowa Foundation* ingaqinisekisa ukubaluleka kwayo kanye nokuphila kwayo isikhathi eside iphinde ibe nomthelela omuhle emphakathini.

Inhloso yeSifundo Sesikhumbuzo Sonyaka i-*Bertha Gxowa Foundation*, ukuhlinzeka ngenkundla yokuxoxisana kanzulu kuphinde kuqondakale nezindaba ezihambisana nentsha kanye nekusasa layo. Ngalesi sifundo kuhloswe ukukhuthaza kanye nokuhlomisa abantu abasha ngokuthi kukhonjiswe ngempumelelo yabo, amasu amasha, kanye nezixazululo ezingaba nomthelela ekukhuleni kwabo siqu kanye nenqubekelaphambili yomphakathi.

Ngalolu chungechunge lwesifundo, le Nhlangano ingakhuthaza umuzwa womphakathi nokusebenzisana phakathi kwentsha, ikhuthaze ukuthi intsha ibambe iqhaza elibonakalayo ekwakheni ikusasa elingcono.

Ngiyabonga!